



UMDONI

News

The J.E.W.E.L.
of the
South Coast

OFFICIAL NEWSLETTER OF UMDONI MUNICIPALITY

OCTOBER - DECEMBER 2024



Umasipala Umdoni uhlangele nobuholi bendawo nobangaphandle ukulwisana nokuhlukunyezwa kwezingane nabesifazane kumhankaso wawo obuhlanganisa imashi kanye nomkhuleko. Zonke izinhlaka ibezihambe lemasi nomkhuleko zime ndawonye zakhulumela abantu abahlukumezike abangenazwi, abasengozini, abayizisulu kanye nabasahlukunyezwa ngokobulili emiphakathini.



Umasipala ulwela amalungelo abayizisulu zokuhlukunyezwa

Kwenye yezindlela zokuqhuba intuthuko emiphakathini eyakhele indawo yaseMdoni, ukuqinisekisa inhlaloni yemiphakathi ngokuqinisekisa ukuthi amalungelo omphakathi amelelekile, futhi ayavikelwa.

Ukufoza le nkqubo, umasipala uthathe isinyathelo sokuhlanganisa izinhlaka ezahlukene zomphakathi, kukhukhulengango wemashi nomkhuleko obekuhloswe ngawo ukuthi umphakathi ubambisane ngokulwisana nokuhlukunyezwa kwezingane, kanye nabantu besifazane, emiphakathini uphinde uvikele amalungelo abantu abaphila nesandulela ngculazi.

Kuhlangane abaholi bendawo nabangaphandle kwaseMdoni, ekubalwa amakhansela kamasipala waseMdoni naweSifunda Ugu, abefundisi, izikhulu zasemaphoyiseni, abaholi bezinhlaka eziningi ngaphansi kukamasipala, umphakathi ubumelwe yintsha, abasesifazane kanye namadoda bonke befuna ukuvikela izingane kanye nabesifazane abaphila ngaphansi kwesimo sokuhlukumezeka.

Lo mkhankaso obe yimpumelelo ubanjwe ngaphansi

kwezinsuku zomhankaso we **16 Days of Activism against Gender-Based Violence and Femicide**, oqale ngomhlaka 25 Novemba kuya kumhlaka 10 Disemba 2024. Amadoda abe yingxenyi yalomhankaso afunge phambi kwamakhulu abantu kanye neMantshi ukuthi ayazibophezela ukuba amadoda angabavikeli emiphakathini nasemizini yawo.

Ethula inkulumbo yosuku, uMeyi Khansela Mbali Cele-Luthuli uthethe ubuholi baseMdoni bubone kubalulekile ukuthi bubambe lo mkhankaso ngoba nakuba umasipala ugxile ekuthuthukisweni kwemiphakathi ngokwakha ingqalasizinda, kodwa kubalulekile ukuthi inhlaloni yabantu nayo ibe yinhle ngokuthi umasipala ungenelele ezimweni zamalungelo abantu.

"Siyakuqinisekisa ukuba nobudlelwane obuphilayo nezinhlaka ezahlukene zemiphakathi ukuze sikwazi ukubambisana, ngokungenelela ezimweni ezinjena. Kulemasi nomkhuleko, sitshengise ubumbano njengomphakathi waseMdoni. Sime ndawonye ukuze sikhulumele abantu abangenazwi, abasengozini futhi abalimele, abayizisulu kanye

nabasahlukunyezwa ngokobulili emiphakathini yethu nasezweni lonke," kusho uMeyi Cele-Luthuli.

Kulo lonke ulwazi olwabiwe nomphakathi ngezigameko zokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane kanye nesandulela ngculazi, iMeyi iphinde yagcizelela ukuthi umsebenzi kahulumeni wokufundisa imiphakathi ngezindlela zokuzivikela usemningi, futhi ufundise labo abaphila nesandulela ngculazi ukuthi lesi sifo asisona isigwebo sentambo. Uhulumeni ubambe iqhaza elikhulu ekuqinisekiseni ukuthi imiphakathi ithola imishanguzo yeHIV/Aids mahhala.

Umasipala waseMdoni wonkana uyazibophezela ukusebenza ngokubambisana nawo wonke umuntu, ukulwisana nokuhlukunyezwa kwezingane kanye nabesifazane, kanye nokugqoka isifo sengculazi emiphakathini yaseMdoni.

Sisebenza Ngokubambisana Ukwakha Imiphakathi Ebumbene neNgcono.

WHAT'S INSIDE

PAGE 2

Locally-owned manufacturing businesses making a mark

PAGE 3

Umasipala usebenza ngokuzikhanda ukuletha intuthuko kubantu

PAGE 4

Urban road infrastructure undergoes rehabilitation

"By 2030 Umdoni will be the JEWEL of the South Coast"

Umdoni eyes more blue flags for 2025/26 fiscal year

Next on the agenda is to make Umdoni great again and achieve the municipal vision of transforming this municipality into the jewel of the South Coast that it potentially is. Intensive work is planned to ensure Scottburgh, Rocky Bay, Preston and Mthwalume Beaches are upgraded to a full Blue Flag status.

The attainment of a blue flag status for Pennington Beach for the current financial year is the greatest tourism achievement to date and this has served as a greater motivation for the municipality to pump more fuel into its efforts to convert the current blue flag pilot statuses into full blue flags in the 2025/26 financial year.

The Pennington Beach accolade is elevating the tourism strength of Umdoni town and is expected to attract more tourists and create a more conducive environment for the attraction of prospective investments. 2024 is envisaged to mark an improved summer and festive season for Umdoni following this great achievement.

The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli, recently hosted a flag hoisting ceremony of the blue flag where community structures that collaborated with the municipality to achieve this result were appreciated. The Mayor gave an insightful address about the benefits tourism brings in the country and

specifically for Umdoni. "Tourism is a major contributor to the country's economy and is important for a number of reasons which include economic growth, job creation, infrastructure development, preservation of natural and cultural resources, promotion of local culture amongst others. We are pleased that such an accolade will make a meaningful contribution to the thriving economy of Umdoni," said the Mayor.

Round the clock work is taking place in the pilot beaches to ensure their upgrade. In order for these beaches to be awarded full blue flag status, the municipality must ensure that all these beaches attain 20 positive water samples in a cycle, conduct frequent environmental education, safety awareness and clean-up campaigns. "We will work tirelessly as the municipality and community structures that have shown vast interest in developing Umdoni to ensure that all amenities are duly upgraded and kept in a good state so as to be within the environmental standards as per the prerequisites of the Wildlife and Environment Society of South Africa," said the Mayor.

A call is being made to all residents to assist the efforts of the municipality by ensuring they adhere to the beach bylaws and ensure all municipal beaches are kept clean and in a conducive state for all users.



The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli hoists Umdoni's first Blue Flag at Pennington Beach. She was accompanied by representatives of P&G Construction, R&M Construction, Tidy Towns Pennington, Pennington Conservancy and Ms Viv Sandwith who all played a significant role in assisting the municipality bag the blue flag.

Locally-owned manufacturing businesses making a mark

Umdoni municipality continues to intensify its efforts towards making the local economy fully responsive, investor friendly and competitive. Numerous local businesses that have been supported by the municipality are reportedly growing and some have given back to the local economy by supplying local businesses and employing people from the area.

In the 2023/24 financial year, the municipality through the Local Economic Development division aided 40 businesses in agriculture, manufacturing, construction, décor and catering, entertainment, motor trade and business consulting and various other trades. These businesses were assisted with equipment to keep their businesses operational and make a meaningful contribution to Umdoni's thriving economy.

To date, two youth-owned businesses in the manufacturing industry are booming owned by a resident from Amandawe area in Ward 14 and another from KwaLembe area in Ward 1. Both these businesses were amongst the 40 that were successful applicants for the municipality's SMMEs funding programme and were assisted with working equipment to the value of R30 000 each.

Kchelsey is a business that specializes in the manufacturing of a natural cosmetic product for men aimed at grooming men's beards. This company is owned by Ms Londiwe Chelsey Khwela from Ward 14. Another pride of Umdoni is the Elppag Brand (PTY) LTD, also a manufacturing business, specializing in leather and denim craft, shoe and bag making and accessories proudly owned by Mr Dumisane Kwayema from KwaLembe area. The municipality had the privilege of speaking to the two business owners on the progress of their businesses and this is what they have shared:



Ms Londiwe Chelsey Khwela, a rising business woman from Amandawe area.

Ms Londiwe Chelsey Khwela: The KChesley business is thriving and Ms Khwela has shared that she is absolutely appreciative to the municipality for its trust and investment in their vision.

The municipality sponsored this business with a printer, banners and shipping boxes. "We are committed to using these resources responsibly and effectively. The municipality's support inspires us to work even harder to achieve our goals and make a positive difference."

She further highlighted that the equipment has afforded the company an opportunity to be a professional business. "We are able to print orders and invoices for customers. This makes our business so professional and customers are able to see their printed version of orders. We are big on marketing and the sponsored banner allows our brand to be visible on trade shows and exhibitions, it serves as a powerful visual communication tool to attract attention,

convey key messages, and promote brand identity," said Ms Khwela. 60% of the business's customers are online and delivery plays a huge role in this business and the boxes ensure product protection at all times. Currently, this business supplies to salons locally and in Durban and has active distributors in both KwaZulu-Natal and Johannesburg. The company currently has four staff members, two whom are permanent and two working on a temporary contract.

Mr Dumisane Kwayema: This owner of Elppag Brand (PTY) LTD conveyed his gratitude to Umdoni municipality for its assistance and hopes for more opportunities to grow his business at an international scale.

Mr Kwayema said the business production process has vastly increased since the generous support from Umdoni. "The business has grown tremendously. We are currently supplying a store in Johannesburg



Mr Dumisane Kwayema who is working towards his brand being internationally recognized.

and Soweto and our brand is growing."

In an effort to give back to the community, Mr Kwayema's company has employed two youths from the community of KwaLembe and plans to employ more youth as the business expands.

Building strong Public/Private Partnerships is at the apex of the municipality's local economic development agenda in order to grow the local economy. The municipality continues to create a conducive environment where all sectors of society can participate to ensure the economic and social conditions of the locality are fertile for business to thrive.

Umdoni municipality is determined to create employment and business opportunities thus improving the quality of life of residents and also bring to life the municipal vision of driving rural development that will commensurate with urban development.

"By 2030 Umdoni will be the



Umasipala unikezele ngehholo nenkundla yezemidlalo

Umasipala uyaqhubeka nokubeka uphawu lwempumelelo kwizinhlelo zengqalasizinda ethuthukayo emiphakathini eyakhele Umdoni, njengoba ufeza izibopho zentuthuko ngokulotshwa kwazo kusomqulu wentuthuko edidiyelwe yonyaka ka 2022-2027.

Muva nje, umphakathi wase Wadi 1 kanye nowase Wadi 2 ube ofakazi ngesikhathi umasipala uvula izikhungo zikhahulumeni, ezinikezelwe ngokusemthethweni kumphakathi wakulezindawo.

Ngesikhathi iMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli efeza inkonzo yohlelo lwezimbizo zikaMeya akafikanga nemibiko yenqubekela phambili yezinhlelo zentuthuko ezihleliwe ngumasipala nje kuphela, kodwa ube eseshiya ngokusemthethweni lokhu osekuqediwe ekubalwa inkundla

yazemidlalo, iKwaMpondo Sport Ground kuWadi 1 kanye nehholo lomphakathi iMandalathi Community Hall kuWadi 2.

Ihholo lomphakathi iMandalathi liwumkhijizyo wemibono yomphakathi ngokubambisana nomasipala. Lesi sakhwiwo siyihholo elimumatha umthamo wabantu abangama 250, behlezi phansi. Leli hholo linezicabha namawindi e-aluminiyami okuwuhlobo lwesimanje manje, liphinde libe nophophela abaletha umoya obandayo uma kushisa. Okunye okukhona kulelihholo singabala ihhovisi, ikhishi, indlu yonogada, indlu yangasese yabesilisa nabesifazane, indlu yangasese ebhekelele abakhubazekile, libiyiwe bese liba nesango lezimoto kanye nabahamba ngezinyawo. Umasipala uphuthole lo msebenzi ngesabelomali esingu R8,9 Miliyoni.

Umphakathi waseWadi 1 ukujabulele kakhulu ukunikezelwa ngokusemthethweni kwenkundla yezemidlalo ethi wona. Iphrojekthi yale nkundla yayihlanganisa ukwakhiwa kwayo inkundla yezemidlalo, amagumbi abadlali okushitshela kanye nokuzikhulula, inkundla yetiyela ebiyiwe yokudlala

amakhodi ahlukene ebhola lezandla, ekubalwa imidlalo yebhola lomnqakiswa, elomphebezo kanye ne volibholi (volleyball). Akupheli lapho, le sakhwiwo sinendawo yokuhlala yezihlewe eyakhiwe ngokhonkolo, indawo yokupaka izimoto kanye nodingo lomngcele olunamasango ezimoto nabahamba ngezinyawo. Umasipala ukwaze uqeda umsebenzi walesakhwiwo ngesabelomali sika R9,7 Miliyoni.

Zozombili le zakhwiwo ziveze amathuba omsebenzi esikhshana kubantu bendawo abangamashumi amathathu nantathu (33). Umasipala ukugquguzelela kakhulu ukuqashwa kwabantu bendawo kwimisebenzi engaphoqile ukuthi babe neziqumfundo ukuze bathole isipiliyoni abazokwazi ukusisebenzisa ekutholeni amathuba omsebenzi ezinkontrakini.

Umasipala uhleze uzibophezele ekulweni nobubha kanye nokungasebenzi emiphakathini. Uzama ngazo zonke izindlela ukuthi uhlise isibalo sabantu abangasebenzi endaweni yaseMdoni.



I-Meya, uKhansela Mbali Cele-Luthuli, ehambisana namakhansela uvula ngokusemthethweni inkundla yezemidlalo i-KwaMpondo Sport



Ihholo likanokusho i-Mandalathi Community Hall inikezelwe kumphakathi wakulendawo iMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli ehambisana namakhansela aseMdoni kanye naseSifunda Ugu.

Umasipala usebenza ngokuzikhandla ukuletha intuthuko kubantu

Seziqalile ukuba matasa izinyanga ezizayo njengoba umsebenzi wokwakha ingqalasizinda kuWadi 9 kanye noWadi 16 uqhubeka. Lemisebenzi iqale emumva kokuthi ubuhlo buhlanganise imiphakathi yakulezindawo esikhathini esingasede esidlule ukuzophendula isoyi okuwuphawu lokuqalisa lemisebenzi yokuletha kwengqalasizinda ibecelwe ilemiphakathi.

Umasipala wethula ngokusemthethweni onkontilela abaqashelwe ukuthuthukisa uMafithini Road ngaphansi kuka wadi 9 kanye noNsongeni Road ngaphansi kuka Wadi 16. Njengamanje, umgwaqo uMafithini ususetshenzwe amaphesenti alinganiswa kwayiShumi naNhlano (15%) kanti okuphinde kajabulise umphakathi kakhulu ngalephrojekthi ukuthi kulesi sikhathi esifishane umsebenzi uqalile, sekuqashwe abantu bendawo abayiShumi Nanye (11).

Kuthuthukiswa ibanga elingu 1.6 wamakhilomitha kanye namamitha ayisithupha obubanzi lwaMafithini. Kumsebenzi owenziwayo kubalwa ukuthuthukiswa kwalomgwaqo ube itiyela, ukufakwa kohlelo lokudonswa

kwamanzi olwakhiwe ngokhonkolo kanye nezakhwiwo zokwehliswa kwesivini sezimoto ukubala okumbalwa.

Ngokwezinhlelo zikaMasipala, kuhlalele ukuthi umsebenzi wokuthuthukisa uMafithini uthathe izinyanga eziyiSishiyagalombili ukuthi uqedwe. Lokhu kuchaza ukuthi lomsebenzi uhlelelwe ukuthi ube usuphelele ngenyanga kaJuni kunyaka ozayo.

U-Nsongeni Road nawo uyaqhuba njengoba umsebenzi osuqhutshiwe kulephrojekthi ulinganiswa kumaphesenti angamaShumi Amabili (20%). Umasipala uthuthukisa ibanga elingu 1.8 wamakhilomitha alomgwaqo, ususwa ekubeni ubhuqu, ube itiyela ukuze bonke abawusebenzisayo nsukuzonke bakwazi ukuhamba endaweni ephhelele nelula noma ngabe kunezimvula.

Selokhu waqala lomsebenzi, sekuqashwe abantu bendawo abayiSishiyagalombili (8) kanti kulindeleke ukuthi lesisibalo sabaqashwe sengezwe futhi ngokuqhubeka komsebenzi. Ngenkathi iMeya ivakashele lomphakathi ngenhloso yokwethula lephrojekthi

ngokusemthethweni, yakuqinisekisa ukuthi lentuthuko yomphakathi izobhekelela abantu bendawo ngomsebenzi, iphende ibhekelele onkontilela abasathuthuka bendawo futhi.

"Kubalulekile kakhulu kuthina njengoMkhandlu ukuthi abantu bendawo bakwazi ukuxosha ikati eziko. Ingakho sikubeke eghulwini lwezinhlelo zentuthuko ukuqashwa kwabo kumaphrojekthi enzeka emiphakathini abahlala kuyona. Sasithembisile ukuthi sizokuqinisekisa ukuthi onkontilela asebenkantshubomvu, bavulele onkontilela abancane amathuba omsebenzi ukuze nabo bakwazi ukuziphilisa baphinde bathole nesipiliyoni. Kuyasijabulisa ke njengoMkhandlu waseMdoni ukuthi lokhu esasikuthembisile siyakufeza," kusho iMeya yoMkhandlu, uKhansela Mbali Cele-Luthuli.

Umasipala waseMdoni usebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zentuthuko ziyafika emiphakathini. Uzobe usubuyela kulomiphakathi ukuzovula lemigwaqo ngokusemthethweni uma sekufike isigaba sokuqeda kwayo.



Kuphendulwe isoyi ukuqalisa imisebenzi yokuthuthukiswa kwemigwaqo ebiyubhuqu. Kuthuthukiswa ibanga elingu 1.6 wamakhilomitha lwaMafithini Road ngaphansi kuka Wadi 9 kanye nebanga elingu 1.8 wamakhilomitha lwaNsongeni Road ngaphansi kuka Wadi 16.





Isikhungo samakhono nehholo lakwaDumisa kunikwe impilo entsha

Ngokubuka ukukhula kweziga lobubha nokungasebenzi kwabantu, umasipala obone kufanele ukuthi uvuselele ihhlo lomphakathi elihambisana nesikhungo samakhono iKwaDumisa Community and Skills Development Centre ku Wadi 5, ukuze amalunga omphakathi akulendawo anesifiso sokuzithuthukisa akwazi ukusebenzisa lesikhungo ukufundela amakhono.

Usuqalile umsebenzi wokulungisa lesi sakhono emva kokuthi ubuholi bukamasipala buholwa iMeya uKhanzela Mbali Cele-Luthuli, bephendule isoyi, bathula usonkontileka, baphinde babanezingxoxo nomphakathi othintekayo ngendlela umsebenzi ozokwenziwa ngayo ukuze siphinde sibe indawo ewusizo emphakathini.

iMeya, iveze okukhulu ukujabula ukuthi lesakhono somphakathi sivuswa kabusha njengoba inhloso yaso kuwukuthuthukisa

umphakathi ngamakhono siphinde sibe ikhaya lemicimbi yomphakathi.

Lesi sakhono silungiswa ngenxa yokuthi sicekelwe phansi sasala esimweni sokuthi asisakwazi ukufeza inhloso yaso. "Siyalishumayela ivangeli lokuthi umphakathi uyeke ikucekela phansi ingqalasizinda eyakhelwe ukuthi isize bona ngoba lokhu kubuyisela uhulumeni kanye nentuthuko yomphakathi emunva. Siyaphinda siyawunxusa umphakathi wakwaDumisa ukuthi ungasicekeli phansi lesisakhono njengoba silungiswa nje. Isabelomali sokulungisa lesakhono besingenza omunye umsebenzi wokuhuba intuthuko kuwo lomphakathi. Manje siyacela kumphakathi ukuthi babike kwiKhanzela labo nasemaphoyiseni uma bebona abantu becekela phansi lengqalasizinda," kusho uMeya Cele-Luthuli



Uyaqhubeka umsebenzi wokulungisa kwehholo nesikhungo samakhono i-KwaDumisa Community Hall and Skills Centre. Kulindeleke ukuthi lesi sikhungo sibe igugu kulomphakathi sikwazi ukulelela ekulweni nobubha kanye nokungasebenzi.

Lephrojekthi izokhiqiza amathuba omsebenzi angama 50, iphinde ikwazi ukunikeza osomabhizinisi bendawo amathuba okwenza ibhizinisi.

Ngokwesivumelwano somsebenzi phakathi kukamasipala nosonkontileka, kuhlelwe ukuthi lomsebenzi uphuthulwe mhla zingu 31 July 2025.

Urban road infrastructure undergoes rehabilitation

As part of the Umdoni's festive season plan, the municipality has progressively implemented vigorous repair work amongst other various cosmetic upgrades on numerous urban roads to ensure their improvement and increase their lifespan.

Different rehabilitation work is being conducted on these roads guided by the current conditions of the roads. The work being carried out includes recycling, pothole patching, construction of V-drains, jet cleaning of drains and laying of asphalt.

A 400-metre stretch of Azalea Crescent Road in Ward 11 is undergoing recycling, laying of asphalt and construction of concrete v-drains. Court Road in Ward 13 that was an eyesore to residents of this area has been rehabilitated in its entirety. 910 metres has been transformed into a brand new road after undergoing recycling and laying of brand new asphalt.

Galway Street in Ward 15 is noticeably improving following recycling and laying of asphalt on a 200-metre

road stretch. Other parts of this road are undergoing pothole patching. Also, more pothole patching work is being done on numerous streets in Park Rynie.

Over and above the intensified rehabilitation work being undertaken on these urban roads, the municipality is also undertaking the cleaning of storm water drains to ensure proper channelling of storm water and create safe driving conditions for motorists during rainy periods this festive season and beyond.



Urban roads are being given a new lease of life as they undergo recycling and laying of asphalt and pothole patching to enable a safe driving experience for all motorists.

"Working Together To Build Better Communities"



Merry Christmas & Happy New Year!

Umdoni Municipality Council and management wish all residents and holidaymakers a Merry Christmas and a safe and peaceful festive season.

We encourage Umdoni residents and our delightful visitors to explore and enjoy our diverse cultural and leisure activities that make Umdoni area a tourists' destination of choice.

We pride ourselves to offer residents and visitors, the Blue Flag Pennington Beach for the enjoyment of water activities.

We also offer our visitors and residents good quality beaches along our coast line which include amongst others; 4 Pilot Blue Flag Status Beaches in Scottburgh, Rocky Bay, Preston and Umthwalume.

As Umdoni Municipality we commit to continue with the improvement of services to our communities. We plead to all road users; motorists and pedestrians to exercise caution on the roads, be mindful of other road users and practice safety at all times. Let us work together to have a safe and joyous festive season.

May you also have a splendid and safe entry into 2025...

Wishing you all and your loved ones a season of Love, Peace and Prosperity.

Once again, Merry Christmas and Happy New Year!!!

"Working Together To Build Better Communities"

PUBLIC NOTICE Festive Season EARLY OFFICE CLOSURE

Umdoni Municipality hereby informs residents that Umdoni Offices will close early on the following days:

OFFICES CLOSE AT 12H00

Tuesday, 24 December 2024

Tuesday, 31 December 2024

Umdoni Offices will be closed on the following holidays:

Wednesday, 25 December 2024

Thursday, 26 December 2024

Wednesday, 1 January 2025

The Umdoni Protection Services and the Fire & Rescue Departments will be open for all emergencies.

Emergency Number: 039 974 1051



ISSUED BY:
MR N G KUMALO
ACTING MUNICIPAL MANAGER



PUBLIC NOTICE CLOSURE OF UMDONI LIBRARIES DURING THE FESTIVE SEASON

Umdoni Residents are hereby informed that all municipal libraries will be closed during Festive Holidays and on the following days:

Monday, 23 December 2024

Tuesday, 24 December 2024

Friday, 27 December 2024

Monday, 30 December 2024

Tuesday, 31 December 2024

ISSUED BY:
MR N G KUMALO
ACTING MUNICIPAL MANAGER

"Working Together To Build Better Communities"

This newsletter has been produced by the Umdoni Municipality Communications Unit.

Feedback can be emailed to: customerservice@umdoni.gov.za
Physical Address: Cnr Bram Fischer & Williamson Street, Scottburgh 4180 Postal Address: PO Box 19Scottburgh 4180



Umdoni Municipality News



Umdoni Municipality



Umdoni Municipality



www.umdoni.gov.za

"By 2030 Umdoni will be the JEWEL of the South Coast"